HILLCREST HIGH SCHOOL
UKUHLOLWA KUKAMEYI 2016
IBANGA LESISHAGALOLUNYE (GRADE 9)
ISIZULU ULIMI LOKUNGEZELELA (FAL)
IPHEPHA LESIBILI (PAPER II)

ISIKHATHI: 2 Amnhr. | IMIKLOMELO: 100

IMIYALELO:

- Funda LONKE iphepha ngaphambi kokuqala ukubhala.
- MUSA ukuxova imibuzo nezimpendulo.
- Sebenzisa isiZulu ESIVUMELEKILE.
- Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.
- Funda iphepha uma UQEDA ukubhala
- Qala iziqephu ekhasini ELISHA

OKUMHLOPHE KODWA !!!!!!!

# QAPHELA MFUNDI!!!!!!

**LELI PHEPHA LIHLUKANISWE KANJE:**

**ISIQEPHU A:**

**KHETHA UMBUZO OWODWA kulesi siqephu**

- **KHETHA ukubhala incwadi noma ukubhala ingxoxo.**
- **AMAMAKI alesi siqephu kumele abe ngama-30**

**ISIQEPHU B**

**KUKHONA INCWADI/ IBHUKU – " Ukube.....Ngabe....."**

- **UMBUZO wokuqala – Xoxa ngabalingiswa amamaki anga-20**
- **UMBUZO wesibili – Phendula imibuzo yeziqephu amamki anga-40**
- **UMBUZO wesithathu- Phendula njengoba uyalelwe amamaki ayi-10**
- **AMAMAKI UMA ESEHLANGENE KUMELE AKHIPHE AYI-100**

## ISIQEPHU A

### INCWADI YOBUNGANI

1. Funda izihloko ezilandelayo bese ukhetha **ESISODWA** ozobhala ngaso. Khetha okukodwa **INCWADI** noma **INGXOXO**. Bhala amagama anga-80 kuya kwayi-100.

1.1 Umama wakho usebenza kude. Uthe uhleli ekhaya ungalindele kwafika umuntu nempahla ebhalwe igama lakho wathi kumele uyisayinele ukuthi uyitholile. Uma uyivula uyibheka uthola ukuthi umama ukuthengele into akade wafisa ukuba nayo. Mbhalele **INCWADI** umama ubonge isipho akuthumelele sona. Bhala **IGAMA** le nto oyithengelwe uma usubonga.

[30]

1.2 Uphumelele kahle kakhulu ngamalengiso. Inkampani esetshenzelwa ubaba wakho yathi izokufundisa eNyuvesi yaphesheya. Baphuzile ukukutshela wahamba usubheduzela nabangani bakho ungabatshelanga. Bhalela umngani wakho oyedwa **INCWADI** umazise ukuthi usuhambile usuphesheya. Umxoxele nokuthi injani impilo yakho khona.

[30]

1.3 Ngosuku lokugubha usuku lwakho lukuzalwa, ubaba kamngani wakho osebenza nobaba wakho ukuphe inja encane. Mbhalele **INCWADI** ubonge isipho sakho usho nokuthi ukuthokozela kanjani ukuba nalesi sipho. Uchaze nokuthi imiphi imidlalo eniyidlala nayo inja.

[30]

### INGXOXO

1.4 Bewuqala ngqa ukuya ekhonsathini lomculi odumile uZahara nodadewenu omdala. Belisezinkundleni zemidlalo e-Moses Mabhida eThekwini. Bhala **INGXOXO** lapho uxoxela khona umama wakho ukuthi bekunjani.

[30]

1.5 Umfowenu omdala okukhokhela imali yesikole futhi uhlala naye emzini wakhe, ufuna ukwazi ukuthi kwenzeke kanjani ukuthi utholakale usuhamba nezingane okuthiwa zeqe esikoleni isikole singakaphumi. Uthi uma engayizwa kahle incazelo yakho uzokukhipha kulesi sikole aphinde

atshele abazali ngalesi senzo sakho. Bhala **INGXOXO** yenu lapho uchaza khona.

[30]

1.5 Esontweni enisonta kulo ekhaya niyintsha yakhona kade nitshelwa ukuthi kumele nizimisele ukulungisela usuku lokujabulisa ogogo nomkhulu basekhaya labadala eKuphumuleni. Kufanele umuntu emunye abambe itoho khona ezokwazi ukwenza imali enga-R50 ezothenga izipho zabo. Itoho ungalibamba ekhaya kini noma ucele ukuyolibamba kwenye indawo. **Bhala INGXOXO** lapho uchazela khona umama ngale ndaba.

[30]

AMAMAKI ESIQEPHU A [30]

## ISIQEPHU B

### INOVELANA
### "UKUBA.......NGABE....."

1. Funda amagama abalingiswa abalandelayo ofunde ngabo encwadini. Khetha **ABABILI** ubhale ngabo **UNGADLULI** imigqa **EMIHLANU** umlingiswa emunye. Landela imibuzo oyinikeziwe ngenzansi.

1.1 Ungubani lapha encwadini?
1.2 Yini ebalulekile ayenzayo encwadini?
1.3 Uyaphumelela yini ukwenza lokhu afisa ukukwenza?
1.4 Uma ephumelela yini emenza aphumelele/ uma engaphumeleli uvinjwa yini?
1.5 Kugcine kwenzekeni ngaye encwadini?

[10+10 =20]

2. Fundisisa iziqeshena ozinikeziwe lapha ngenzansi bese uphendula imibuzo ebuziwe ngemisho **EPHELELE**.

"Sengibuyile mngane wami. Awuphuze la bese sixoxa-ke."

"Thoko! Bengicela ungitshengise umuzi wakini kuqala ngaphambi kokuba sihlale sixoxe."

"Kulungile asihambe-ke. Asingene ngala endlini enkulu."

Bahambe bengena bephuma baze bazingene zonke izindlu zakubo kaThoko.

"Waze wamuhle umuzi wakini mngane wami. Ngilithandile igumbi lakho nendlela igumbi labazali bakho elenziwe ngayo. Ngibongile ukubona indlu enhle kanjena. Sesingahamba siyohlala phandle."

Baba ukufika-nje emnyango bahlala phansi, wambuza uThembani.

"Mngane wami, ufuna ukwenzani uma uphumelela ebangeni leshumi na? Ngibuza ngoba kukhona esasikuxoxile nawe. Uthi asekushintshile nje manje?

"Qha! Akushintshile, umuntu nje ongimise kabi."

"Ubani yena lo muntu osefuna ukukuphazamisa emqondweni omuhle kangaka esasiwucabanga?" Kubuza uThembani umbona ukuthi le ndaba imuphatha kabi.

"USipho. Ungivimbezela ngize ngicishe ukushaywa ekhaya."

"Usho lo Sipho esasifunda naye?"

"Yebo! Uqobo lwakhe."

"Lalela-ke mngane wami. Mina nawe safunga sathi: Siyofunda size sigogode singaphazamiswanga yilutho," kuqeketha uThembani.

"Ngiyazi nami mngane wami. Mina-ke ngithi: Ngeke ngilale nomfana ngingashadile," kusho uThoko ngokukhulu ukuziqhenya lokhu.

2.1 Ubani othi ucela ukubona umuzi kuThoko? (1)

2.2 Kade behleli kuphi uThoko nomngani wakhe njengoba ecela ukubona muzi? (1)

2.3 Kuyiqiniso yini ukuthi umngani kaThoko akasafundi ndawonye noThoko? Bhala isizathi sempendulo yakho. (2)

2.4 Uma ucabanga isiphi isizathu esenza uThoko angamxoxeli umngani akhe iqiniso ngaye noSipho? Bhala kube kubili. (2)

2.5 Isiphi isibopho abasenza okufanele basihloniphe oThoko noThembani abxoxa ngaso la? Bhala kube kubili. (2)

2.6 Yini ekhombisa ukuthi uThembani uyamazi uSipho? (2)

[10]

3.

"Yebo, Thoko. Ubukeka ungeneme. Uyazi nawe ukuthi ngithanda umuntu okukhiphayo okuyimfuhlululu ukuze kungabi ingozi kuye."

Waqala wamulandisa yonke indaba ukusuka nokuhlala zehla mi izinyembezi. Uthisha wamsondeza kuyena maqede wamduduza. Uthe esuka lapho wayesemtshela ukuthi kusukela namuhla angabe esaphinda azihluphe ngale ndaba ngoba isinqumo asithathile yisona sona. Wabuye wamethembisa ukuthi uzombiza uSipho akhulume naye ngale ndaba ngoba isikole silindele emihle imiphumela kubona bobabili.

Wabonga iseluleko maqede behlukana. Waya ekhaya umoya wakhe uthokozile ngesethembiso esenziwa uthisha wakhe. Kodwa uma ecabanga yonke inkulumo yakhe noSipho, umzimba wonke wawuthuthumela uvalo. Izinto ezazifika kabuhlungu enhliziyweni yakhe yilezi: Umuthi, ufunani othandweni lwezingane zesikole ezincane kangaka? Uyise omncane, ungene ngaphi othandweni lwabo? Ngabe noma sebeshadile uSipho uyolekhezela eyobuza izinto kuyise wakhe omncane?

USipho wayesexakwe yini kangaka aze afake uThemba ezindabeni zabo? Ingani uThemba lo eyakhe intombi isifundela ubuthisha. Wona umuzi kaSipho ngoba embona ukuthi useyatatazela, utatazeliswa isithembiso sikayise.

Yena ubaba kaSipho lo yini angangenwa yimpucuko ehlala nabantu abaphila empucukweni esezingeni eliphezulu kangaka.

Sengathi naye uSipho umfana kababa nje. Uyise uyomphathela umuzi wakhe. Uma kusuka manje engathatha isinqumo okuyisona sona noyise uzomazi ukuthi umfana wakhe ucabangisa okwendoda. Uyoba yindoda emadodeni.

3.1 Ubani lo okhuluma noThoko lapha? (1)

3.2 Yini eyayenza uThoko anganami ngalolu suku? (2)

3.3 Isiphi isinqumo esithathwe uThoko mayelana nale ndaba abaxoxa ngayo la nothisha? (2)

3.4 Bhala izinto **EZIMBILI** ezaziphatha kabi uThoko akhuluma ngazo la esiqeshini mayelana nothando lwabo noSipho? (2)

3.5 hlanganiseni noSipho lo Themba okukhulunywa ngaye la iqeshini? (2)

3.6 Themba kuthiwa intombi yakhe yenzani? (1)

[10]

4. "Umshado-ke Thobile angiwujabuleli okwamanje. Uma uSipho engithanda, uyongilinda ngifunde ngize ngigogode eMedical School."

"Awushadi ngani kuqala bese ucela uhambe uyofunda?" Kubuza uThobile.

"Ngicele? Ngiyekeleni ukufunda abazali bami bezimisele ukungifundisa? Ngeke mntakwethu. Okunye Thobile ongakwazi ukuthi uSipho ufuna sishade size sibe nezingane ezimbili kuqala kanduba siyofundela imisebenzi. Lokho nje kukodwa kuyangikhombisa ukuthi iphupho lami lokuba udokotela lingeke liphumelele." Ngangichazela amantombazane angayiboni nakancane le nto engiyishoyo.

"Mina! Bengingeke impela nginqabe ngazi kahle ukuthi zonke leziya zitolo zizoba ezakwami. Ngizozithengela imoto ephambili, ngibe nomuzi omuhle kunayo yonke la eMlazi. Bengizoshada naye ekuseni."

"Ungathi uyazi weThobile mntakwethu. Umzala uSipho usethengelwe umuzi obiza kabi edolobheni eThekwini. Umalumekazi uthe bazobanika leya 'Supermarket' esesigcemeni kwa-E. Wakwenqaba konke lokho uThoko. Ufunani kanti wena Thoko? Insizwa ifuna ukukushada awuvumi, ufunani nje nempela?"

"Ngifuna ukushada noSipho esewummeli nami sengiwudokotela. Ngifuna ukungena emshadweni onesisekelo semfundo, kuthi noma izitolo lezo zingaphumeleli mhlawumbe ngenxa yodlame, sibe sinayo imisebenzi esingayisebenza. Kuhle ukuziqalela owakho umsebenzi ngoba noma usukwehlula ngeke usole omunye umuntu." Ngabuka kude ngengqondo.

"Mina-ke, Nonhlanhla ngivumelana noThoko. Nami angisoze ngazinikela kumuntu ngingakawufundeli umsebenzi."

4.1 Yini le okuthiwa ayicelwe uThoko la? (1)

4.2 Ubani lo obonisa uThoko ukuthi akacele? (1)

4.3 Kuthiwa akacele kubani uThoko? (1)

4.4 Umzala kaSipho noThobile abacabangi ngokufana noThoko. Bhala izinto **EZIMBILI** abazibona zibalulekile ngokwabo okumele uThoko zimenze avume ukushada noSipho. (2)

4.5 UThoko akasiboni isidingo sokuthi aze acele kuSipho ukufunda njengamanje. Bhala izizathu **EZIMBILI** ezenza angasiboni isidingo sokuze afike ekuceleni uThoko. (2)

4.6 UThoko akazimisele nanini ukushada noSipho. Vuma noma uphike bese usekela impendulo yakho ngamaphuzu **AMABILI**. (3)

[10]

5. "Phela laba bantu babethengelwe amasudi nezicathulo ezintsha abazithengelwe umfowabo nabephuca iqatha emlonyeni ngoba kwakuthiwe bazobuya bathengelwe amanye amasudi uma sebebuyela okwesibili. Basababaza namanje bathi abakaze bezwe ukuthi kukhona umuntu owala izinkomo njengawe. Nami ngayibabaza le ndaba."

"Zimbili izizathu ezenza ukuba abakhongi baxoshwe lapha kulo muzi wakwaNgwane. Esokuqala nje esokuthi umntwana wethu ufuna ukufundela ubudokotela. Okwesibili sifuna umntwana ashade umshado onesisekelo semfundo nenkolo. Hhayi isisekelo semali esibekwe phambili. Asizwa lutho ngothando kulo mshado. Akukho ukubekezelelana phakathi kwale mindeni.

Ubaba womfana usebuya kummeli wakhe ngale ndaba. Kanti yicala leli na? Kwenziwa yini ubaba walo mfana angezi kimina sixoxe njengamadoda na? Uthi-ke lo muntu owenze nje angaba umlingani wami? Yebo, uma engalinda aze aqede ubudokotela uThoko, sesingakhuluma-ke. Ngiyethemba uyeneliseka ileyo mpendulo nsizwa."

"Yebo, ngiyeneliswa futhi akonakele lutho, mina uma ngibuka nje ngoba awusho ukuthi ngeke ingane yakho ishade nalo mfana kodwa uthi akalinde nje kancane uma eyithanda intombazane, uyoyilinda ize igogode, bashade."

"Zikhona-ke nezimbi ngaye lo mfana. Kuthiwa udla izidakamizwa manje. Wehla wenyuka nonondindwa abaziwayo lapha eThekwini, uhamba nalawa mantombazane adayisa ngemizimba. Lokhu nje kukodwa kungenza ngingenwe amanzi emadolweni ngibuye ngifikelwe ukudinwa ngoba ngisho uyise omzalayo akenzi lutho ekulungiseni isimilo somfana wakhe.

5.1 Ubaba wamuphi umfana lo okukhulunywa ngaye la? (1)

5.2 Yini eyenza bangezwani ubaba kaThoko nobaba walo mfana? (2)

5.3 Babethengelwe ngubani amasudi nezicathulo abantu okuxoxwa ngabo la? (1)

5.5 Yini eyadala ukuthi baze bathengelwe amasudi bengezona izingane bebadala laba bantu? (2)

5.6 Kushiwo ngani la esiqeshini ukuthi baphucwa iqatha emlonyeni ngokungavumi kukababa kaThoko ukuthi bakhonge laba bantu? (2)

5.7 Iziphi izinto **EZIMBILI** ubaba kaThoko akholelwa ukuthi izona eziyisisekelo somshado? (2)

[10]

6. Phendula umbuzo olandelayo ngokukhetha igama **ELILODWA VO** ezikokeleni.

6.1 UThoko wathi uma etshelwa uSipho ngomshado wabo okokuqala wathuka wathi; ( uNomdayi yini?, uNgunezi yini?, uKhabazela yini?).
6.2 Umngani kaThoko uThembani wathi yena uhlala; ( elokishini, emapulazini, kwanjayiphume.)
6.3 Isithakazelo sakwaKhanyile esisetshenziswe encwadini; ( Shamase, uNgwenya, uNgwane.)
6.4 Uthishomkhulu wesikole sikaThoko ufunde wagcina; (ku-B.Paed., B.Sc., B.A.)
6.5 Uma uya kwaMhlabuyalingana udlula idolobha; (i-Stanger, iSiphingo, eShowe)

[5]

7. Khetha impendulo **EYODWA** ubhale **UPHAWU** kuphela kulezi ezilapha ngenzansi.

7.1 UThoko uzimisela ngokuyofunda eNyuvesi i-

(a) University of KwaZulu Natal
(b) Johannesburg University
(c) University of Cape Town

7.2 Ubaba kaSipho uthi uzomnika isitolo esisesigcemeni kwa..eMlazi

(a) U
(b) E
(c) G

7.3 Omunye umngani kaSipho ngaphandle kukaThemba:

(a) USabelo
(b) USandile
(c) USizwe

7.4 Ubaba kaThoko wayehleli efunda iphephandaba:

(a) Isolwezwe
(b) UmAfrika
(c) ILanga LaseNatali.

7.5 Kuthiwa uhulumeni wakhipha imali yokulwa nengculazi eyizi-:

(a) R14m
(b) R20m
(c) R12m

[5]

ISAMBA SAMAMAKI ESIQEPHU A NESIQEPHU B [100]